



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMBUTHANWENI KAZIBAMBELE NGOMHLAKA 28 SEPTEMBER 2007**

Ngiyanibingelela nonke

- Umthethosisekelo waseNingizimu Afrika uhlinzeka abesifazane bonke ngamalungelo nokulingana. Umthetho uyasiphoqa ukuthi siqinise imizamo yethu yokufukula abesifazane kwezenhlalo nomnotho .
- Yingakho ekusunguleni kwethu uhlelo lukaZibambeke, sagxila emakhaya aphethwe abesimame ukuthi kube yiwo athola izinkontileka. Lolu hlelo lwenza siyibone kahle indima esesiyihambile ekufukulweni kwabesimame ikakhulukazi basemakhaya .
- Ukufukulwa kwabesimame basemakhaya akuyona into esingayithatha kalula. Ngingakhipha izibalo ngezibalo ezingaveza inkinga ebhekene nabesifazane basemakhaya noma omama ababheke imizi ikakhulukazi.

- Kuyaziwa ukuthi eNingizimu Afrika abantu abampofu kakhulu batholakala emizini ephethwe ngabesifazane. Ukulwa nobubha – ukuletha impilo engcono kubantu bonke – ngeke kwenzeke uma engekho amathuba emisebenzi namabhizinisi anikwa abantu bakithi abampofu.
- Ucwango olwenziwe ngoZimbabwe lukhomba ukuthi kunenselelo enkulu ngezinga losonkontileka bakaZimbabwe abangakwazi ukufunda nokubhala. Akumangazi lokhu ngoba phela siqhamuka esimweni ebesingabavumeli abesifazane ukuthi baye esikoleni bathole imfundo.
- Lokhu kuba yinkinga kosonkontileka bakaZimbabwe okufanele bahambisane nesikhathi samanje esidinga baye emabhange bayokhipha imihlo yabo. Phezu kwalokho futhi, ukuqeqeshwa abakutholayo osonkontileka kudinga ulwazi lokufunda nokubhala ukuze baqonde kahle.
- Njengohulumeni asikwazi ukuyekela isimo esinjena singalungiswa. Yingakho uhulumeni wesifundazwe eseqale uhlelo lukaMasifundisane ngenhloso yokwenza abantu besifundazwe bakwazi ukufunda nokubhala.
- Njengamanje uMnyango wezokuThutha usebenzisana noMnyango wezeMfundo ukuze kufakwe oZimbabwe ohlelweni lukaMasifundisane nolwemfundo yabadala i-ABET.

- Kuzokuba wuhlelo oluqhubekayo lolu, ekugcineni sifuna wonke usonkontileka akwazi ukufunda nokubhala noma okungenani akwazi ukubhala nokufunda igama lakhe, hhayi indaba yokusayina ngokugxiviza isithupha noma ukubhala isiphambano uma besayinela imali ebhange.
- Njengoba sizokwenza nezincwadi ezichaza ngoZibambeke zibe isiZulu, osonkontileka bazokwazi ukuzifundela bezihlalele emakhaya ukuze baqonde ngomsebenzi wabo emgwaqeni.
- Ucwangingo lukaZibambeke luphinde luveze ukuthi babalelwa ku-7 500 osonkontileka bakaZibambeke abayintsha. Kulaba, kukhona abangu-23 abanemfundo efika ku-Grade 12. Kukhona abangu-22 abaphase iMaths neScience.
- UMnyango uhlose ukuyilekelela le ntsha ukuthi ithole amakhono afanele, kanti kusuka ngalo nyaka le ntsha engoZibambeke ephase iMaths neScience izongena ohlelweni lwe -NQF level 4 Learnership, bese kuthi abanye bangene kwi-NQF level 2 Learnership.
- Ama-Learnership azothatha izinyanga ezingu-18. Ngalesikhathi abafundi bazofunda eklasini baphinde benze nomsebenzi. Uma sebeqedile bazothola amakhono obuchwepheshe azobasiza ekutholeni umsebenzi nakweminye iminyango kahulumeni, komasipala nasembonini yezokwakha jikelele .

- Yizo lezi izinguquko eziza nohlelo lukaZibambeke oseluphenduke umhlahlandlela ekuqeqeshweni nokuthuthukiswa kwabampofu.
- Kuyajabulisa ukuthi njengamanje oZibambeke sebesungule ama-Saving Club angaphezulu kuka-900. Imali engu-R 7,5 million asebeyongile ikhombisa ikhono namandla akhona kubantu abampofu ekongeni imali.
- Amanye ama-saving club aseqale amabhizinisi awo amancane. UMnyango nawo umatasa uxhumana neminye iminyango ukubheka izindlela zokusiza ama-saving club ukuthi aqhubekele phambili aphume kuZibambeke.
- Namhlanje sinabantu abaqhamuka kwi-Small Enterprise Development Agency (SEDA) ne-SAMAFU abasebenzisana noMnyango wezoHwebo neziMboni. Lezi nhlaka zisebenza ukuqeqesha kwezamabhizinisi nokuxhasa osomabhizinisi abancane. Bazosebenzisana noMnyango wezokuThutha ukuqeqesha ama-saving club nemifelandawonye baxhase nangezimali.
- Ngiyawanxusa-ke ama-saving club ukuthi alithathe leli thuba ukuze nenze izimpilo zenu nezingane zenu zibe ngcono.

- Sengiphetha, ngiluleka abasebenzi boMnyango abengamele lolu hlelo ukuthi baqaphele ukuthi uZibambele akusewona owoMnyango kuphela, kodwa sekuwuhlelo lukazwelonke. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi luphathwe ngokucophelela lunikwe isithunzi esilufanele.
- Inkohlakalo nokukhwabanisa ngeke sikubekezelele, ikakhulukazi ukuntshontsha imali yomama abampofu kuwumhobholo ongenakubekezelelwa nhlobo. Esikhundleni salokho kumele nibe umhlahlandlela ozothatha uhlelo uluse phambili.

Ngiyabonga